
# Lugcine lungenelelwe udaba lokuvulwa kwama toilet e-Rank



Babonga uMasipala waseMnambithi abadayisi kanye nosomatekisi baserenki ngokuvulwa nwezindlu zangasese ebesezivaliwe kusukela ngo-Septembe ngonyaka odlule.

**Mthokozisi Hlatshwayo**

Seluze laxazululeka udaba lokuvulwa kwezindlu zangasese e-renki yamatekisi aseMnambithi..
Lokhu kuvele ngesikhathi lapho leliphephandaba livakashele lendawo esemarenki zingu 17 March 2016 nalapho lifike khona lakhulumisana namalunga omphakathi atholakala maduze nalezindlu zangasese.
Lamalunga angabadayisi abebukeka ekhathazekile aphawule athi lamathoyilethi abesevalwe kusukela ngenyaga ka-September ngonyaka odlule, "sonke lesisikhathi besigijima siya Murchison Mall ukuyozikhulula ngenxa yokuthi abengasebenzi kodwa siyabonga ukuthi aqalile zingu 16 March 2016 ukusebenza yize kunjalo sinezikhalo ngoba athe eqala avalwa ngehora lesithathu manje asisazi ukuthi azohlezi evalwa ngalesisikhathi yini". Kuchaza idlanzana labadayisi.
Kusenjalo ubaba uZondo ongowase Zakheni yena obekuthokozela ukuvulwa kwawo unabe wathi "mina ngizizwa ngeneme kakhulu ngokuvulwa kwawo ngoba bese kuyinkinga ngingazi ukuthi ngizokwenzenjani yingakho ngingene ngazibonela".Kuphetha uZondo.
Kusenjalo uBonginkosi Ndaba ongumqaphi wamatekisi ase-Tsakane yena uthe konke kuhamba kahle ngoba nokungcola bese kukhona.
Umnumzane Mzwandile Msimanga wakwa-E yena uthe uyabonga kakhulu kuMasipala ngokuwavula baphinde bawahlanza ngoba iphunga bese ludla lubi.
Eqhubeka uthe uyacela kuMasipala abalungisele umpompi wangaphandle yize anokwesaba ukuthi izigilamkhuba ziwubulala kodwa uma kungagcina kukhona abaqaphi ukuze abalekelele nasekuqondiseni inhlazeko.




# Umnyango wezempilo uhambele izikole zasoThukela ukuyohlenga abafundi

**Thabile Nxumalo**

Izisebenzi ezivela kuMnyango wezempilo zihambele izikole ezahlukene othukela ngenhloso yokuhlola abafundi isifo sofuba i-TB.
Lomkhankaso kwazwelonke wenziwe ngenyanga ka-Mashi ngoba inyanga yokuqwashisa ngokubhebhetheka kwesifo sofuba.
Emavikini adlule kume ukufunda ezikoleni eziseMnambithi namaphethelo Ngenkathi abasebenzi abavele kwimitholampilo bezohlola abafundi ngokubathatha izikhwehlela ziyocubungulwa ngenhloso yokuhlolela isifo sofuba.
Loluhelo belenzeka kuwo wonke amabanga kusukela kojahidada kuze kufike kubafundi bamatikiletsheni.
Intathele yeNhloso yesizwe ibe isiyenza uphenyo olunzulu mayelana nalesifo.
Kucwaningo kutholakale ukuthi i-TB (Tuberculosis) ibangwa igciwane elibizwa nge-Mycobacterium Tuberculosis ehlasela kakhulu amaphaphu.
Kubikwa ukuthi abantu abaningi asebengenwe ilesisifo sofuba abazi ngoba izimpawu zakhona ziqala kancane ngendlela enganakekile.
Lesisifo sitholakala emoyeni, uma umuntu onaso ekhwehlela, ethimula noma ephimisa wandisa amagciwane emoyeni,ngokuphefumula lowomoya usemathubeni amakhulu okuthelelekа.
Kubalulekile ukwazi izimpawu zalesisifo ukuze ukwazi ukuyohlolwa masishane.
Izimpawu okumele uzibheke kakhulu ukukhwehlela amaviki amabili ungayeki, isifuba esibuhlungu, ukukhwehlela igazi, ukukhathala, ukungathandisisi ukudla, ukwehla emzimbeni, kanye nokujuluka kakhulu ebusuku.
Ukuhlolelwa i-TB kumahhala kunoma isiphi isibhedlela kanye nemithombo nemitholampilo kahulumeni.
Uma lisanda kukungena leligciwane izimpawu azibimandla kakhulu izinyanga eziningi.
Umuntu osenayo i-TB engathelela abantu abangaphezu kuka- 10 kuya kwababawu-15 ngonyaka enganakile.
Abantu okubikwa ukuthi basemathubeni aphezulu okuthola i-TB abantu abanegciwane le-HIV, abangadli kahle, iDiabetes kanye nabantu ababhemayo
Amagciwane e-TB abulawa ilanga yingakho kubalulekile ukuvula amafasitela ngaso sonke isikhathi ukungenisa ilanga nomoya ophuma ngaphandle, ikakhulukazi ezindaweni ezinabantu abaningi njengasematekisini.